

**Siza abantwana bakho ukuthi baphile ngendlela yomlando ka-Nelson Mandela. Dlulisela kwabanye ezinye zezimiso ayephila ngazo ngalolu chungechunge olufushane lwezindaba ezigxile ekwethembekeni, isihawu nokuxolela.**

# Indlu kaTopo esesihlahleni


Umbhali: Kopano Sechele
Umdwebi: Sally MacLarty


UTopo wayehlale elangazelela ukuya ekhaya emuva kokuphuma kwesikole ngoba wayejahe ukuyodlala endlini yakhe eyayisesihlahleni. Impilo yayimnandi endlini esesihlahleni. Uyise kaTopo le ndlu wayeyakhe esihlahleni esasisikhulu kunazo zonke egcekeni. UTopo wayekwazi ukubona izinto eziningi ephezulu kule ndlu yakhe esesihlahleni. Wayekwazi ukubona uphahla olunhlobonhlobo nolumibalabala, izindlu eziphakeme kakhulu eziseduze ngisho nakude le. Wayekwazi ukubona ezinye izihlahla, kanye nezilwanyana nezinyoni ezincane eziningi.


Kwesinye isikhathi uTopo wayethatha izincwadi zakhe ayofundela phezulu endlini yakhe ekulesi sihlahla. Kwakumnandi ukufundela lapho ngoba kwakungekho msindo ngaphandle komculo wezinyoni. Ngesinye isikhathi wayezihlalela nje abukele. Wayeke acabange ukuthi kazi lezi zinyoni zindiza zifikephi nanokuthi ndaba zini ezizixoxela ezinye ngezindawo ezizihambile.

Ngolunye usuku uTopo wabona inqwatshana yezinti kwelinye lamagatsha eduze kwendlu yakhe esesihlahleni. Nantiya ijuba lindizela kulesi sihlahla libhakuzisa amaphiko. Ngokubona uTopo lesaba ijuba ukuhlala. Landiza labaleka. UTopo wachusha wayothi ne kwelinye igatsha bude buduze nendlu yakhe, akanyakaza. Labuya ijuba, labona ukuthi sekuphephile manje, lathasisela ezinye ezinti enqwabeni yalo. Kuthe inqwaba isinkulu ngokwenele, lazinza kuyo ijuba. Labukeka laneliseke kakhulu.



Ngosuku olulandelayo kwaphuma isikole uTopo wakhuphuka waya endlini yakhe esesihlahleni, wasibuka lesi sidleke sejuba. Wabona amaqanda amabili. Amaqanda ayemahle; amthokozisa kakhulu uTopo. Wayazi ukuthi kunamaphuphu azochamuseleka kulawo maqanda.





Kodwa kwathi esazama ukubukisisa kahle lesi sidleke, labuya ijuba elingumama. "Suka lapha," kwaba sengathi lisho njalo kuye: "Suka lapha!"

"Ngeyami phela le ndlu ekulesi sihlahla, " kuzicabangela uTopo. "Ngizosukelani-ke?" Kodwa uTopo wayazi ukuthi ngeke yena nejuba bahlalisane endlini yakhe esesihlahleni. "Hhayi-ke kuzoba amaqanda azoba lapha noma yimina," esazicabangela belu.

Waphatheka kabi uTopo. Wathukuthela. Wazizwa ukuthi unobugovu. Le ndlu ekulesi sihlahla kwakuyindawo yakhe futhi engazimisele nakancane ukugudluka kuyo.



## Impilo yakho ayibe umlando: uzwelo

UTopo wahlala esitebhisini esingemuva wathula wathi du, ecabanga ngokujulile. Uyise weza wahlala eduze kwakhe. Uyise lo wayazi kahle ngesidleke namaqanda, futhi azi kahle indlela uTopo ayethukuthele, futhi edabuke ngayo. “Uyabona Topo,” kusho uyise, “ngesinye isikhathi siyadinga ukunikela izinto ngomoya omuhle kulabo abangenamandla njengathi. Kwesinye isikhathi siyadinga ukuba nenhliziyo enesihe esingaphezu kwentukuthelo esingaba nayo.” Uyise wamwola uTopo maqede wabuyela endlini.


UTopo wahlala wathula ecabangisisa lokho ayekutshelwe nguyise.

UTopo wayewathanda la maqanda amahle. Kodwa futhi wayazi kahle ukuthi uma esahlezi kule ndlu yakhe esesihlahleni lawo maqanda ayengeke achamuseleke. Ngakho-ke wathatha isinqumo ... ijuba lingaqhubeka nokusebenzisa le ndlu yakhe ekulesi sihlahla uma lisayidinga, yena uzozitholela elinye igatsha kude buduze azihlalele khona alibuke. Ngakho uTopo wazitholela-ke igatsha elalibhekene nendlu yakhe, wahlala khona wabukela. Waphawula ukuthi noma ijuba lalike lihambe kodwa lalingawashiyi isikhathi eside amaqanda alo. Lalichitha isikhathi eside lihleli kuwo, liwavikele.



Kodwa ngelinye ilanga, ijuba lisahambile, kwaba nesivunguvungu esanyakazisa kanzima wonke amagatsha. Ijuba lalingekho esidlekeni salo. UTopo wakhathazeka ngoba wayebona kahle ukuthi isidleke sizopheshulwa wumoya. Walinda, walinda, ethi juba ndini uzobuya, lutho ijuba.

Qaliyane isikhwishikhwishi somoya owaze waphephetha wakhipha elinye iqanda esidlekeni layokwedlula emapulangweni endlu, layowela ngaleya. UTopo wabuka laphaya phansi. Iqanjana elimhlophe lase liphahlazekile laba yizicucu. UTopo waphatheka kabi kakhulu. Ngaso leso sikhathi labuya ijuba landiza lazohlala phezu kweqanda elalisele esidlekeni.



Ngaleyo ntambama uTopo wahlala isikhathi eside esitebhisini esingemuva. Uyise waphinde weza wahlala eduze kwakhe. “Uyabona Topo,” kusho yena, “impilo ike ibukeke ingenabulungiswa. Asikuqondisisi njalo ukwenzeka kwezinto.

Kodwa-ke okuhle ngawe wukuthi ungumuntu onakekelayo. Sengiyazi ukuthi ngelinye ilanga uyokhula ube wubaba onothando noyovikela izingane zakhe.”

Bahlala bobabili becabanga ngeqanda elaliphahlazekile, nangejuba elincane elalihlezi ngesibindi livikele iqanda elalisesesidlekeni salo.



Zonke izinsuku lapho uTopo ebuya esikoleni wayehlola ukuthi lisekhona yini iqanda esidlekeni.

Ngolunye usuku lapho uTopo elunguza esidlekeni, wabona isilwane esibi esinomlomo omkhulu. Sasisincanyana singenazo izimpaphe. UTopo wehla emthini wagijima wayobikela uyise.

Njalo uma uTopo ebuya esikoleni wayehlala abuke isidleke. Umama wejuba wayechitha isikhathi esiningi nejuba lakhe elincane. Lalilokhu liya ngokuya likhula. Lachitha isikhathi eside lilokhu libhakuzisa amaphiko alo.

Ngelinye ilanga ekuseni uTopo wayephuma ekhishini, wavele wama ngqi. Nanti ijuba elincane otshanini phambi kwakhe, lilokhu lizama ukundiza. UTopo wajabula kakhulu, wema wabukela. Nanto iphuphu lansondo lithi ukubhakuzisa amaphiko alo ngamandla, lase lithi ukundiza indawana emfushane, labuyela phansi futhi. UTopo walilandela iphuphu linqamula egcekeni leqa nothango. Ijuba elincane lalilokhu lizame njalo ukundiza.

Lapho uTopo eseqala ukukhathala iphuphu lashaya amaphiko kakhudlwana kunakuqala, landizela phezulu, phezulu. Kulokhu aliphindanga lehlela phansi. UTopo wema, wayibuka inyoni encane indiza iya kude, kude, phezulu, phezulu. Wajabula waze wamemeza uTopo. Kwaba sengathi uyena osefunde ukundiza!





IZINDABA EZIKULOLU CHUNGECHUNGE ZAQALA UKUKHISHWA I-*STORIES THAT TALK*, EYASHICILELWA I-HEARTLINES.

# Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nansi eminye imiqondo yokusebenzisa izindaba kulesi sithasiselo. Khetha lezo ezihambisana kangcono neminyaka kanye nalokho okuthandwa yizingane zakho.

*Indlu kaTopo esesihlahleni*

Le ndaba ilungele izingane ezisesikoleni samabanga aphansi. Uma usebenzisa le ndaba nezingane ezincane kakhulu, kungenzeka uqale ufunde indaba wedwa kuqala, bese uyixoxa ngamazwi akho ngesikhathi uzikhombisa izithombe. Endabeni ethi Indlu kaTopo esesihlahleni, uTopo ukhombisa ukuzwelana kanye nokunakekela ijuba noma lakhele isidleke salo endlini yakhe esesihlahleni.

UBaba kaTopo ukhombisa ukuzwelana kanye nokunakekela uTopo lapho edinga usizo lokuqonda indlela azizwa ngayo.

Ngabe izingane zakho zake zasibona isidleke senyoni? Chaza ukuthi izinyoni ezifukamelayo zinozwela kakhulu futhi azithandi ukuphazanyiswa. Uma ziphazanyiswa, zingasishiya isidleke kanti-ke namaqanda angeke achamsele.

- Xoxa nezingane zakho ngalokhu:
  - uTopo ukhethe kanjani ukushiya indlu yakhe esesihlahleni okwesikhashana ukuze ijuba lifukamele amaqanda alo khona. Buza izingane zakho ukuthi ngabe zicabanga ukuthi ukhethe kahle yini nokuthi ngabe zona zenzenjani.
  - ubudlelwane bukaTopo nobaba wakhe. Zibuze ukuthi sibona kanjani ukuthi ubaba kaTopo uyamthanda nokuthi unendaba nemizwa yakhe.
- Khuthaza izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe sengxenye yendaba engenayo imidwebo bese zibhala amagama endaba ngaphansi kwesithombe sazo.

# Okumayelana noNal'ibali

UNal'ibali (igama lesiXhosa elichaza ukuthi "nans' indaba") umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa. Uhlose ukokhela inhlansi uhlanganise nesiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana, ukuze ukufunda, ukubhala nokwabelana ngezindaba – ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika – kube yingxenye yempilo yansuku zonke.



Izingane ezizungezwe okubhaliwe nezithola izindaba ezimnandi nezixoxwe ngezilimi eziziqondayo, ziba nentshisekelo enkulu, zibe nokuzethemba nokukhuthazeka ukuthi zizifundele. Makhulu amathuba okuba nazo zithande ukufunda, futhi ziqhube kahle kuzo zonke izifundo. Izindaba zandisa amagama aziwayo, ziqinisa nekhono lokukhumbula ziphinde zondle ukucabanga nokujubalala kwezindlela zokucabanga kwezingane.

Kusukela ngonyaka wezi-2012, uNal'ibali usebenze neminyango eminingi, izinhlangano zomphakathi nabezamabhizinisi ukuqinisekisa ukuthi zonke izingane zaseNingizimu Afrika ziba nethuba lokuthanda izincwadi nezindaba. Abalingani bethu abasize ukusungula lo mkhankaso babandakanya: abe-DG Murry Trust, i-PRAESA (Project for the Study of Alternative Education in South Africa) abe-Tiso Blackstar (ngaphambilini abebaziwa nge-Times Media). Ngokumeleleka, ukuqeqeshwa nezinsiza zokufunda zeqophelo eliphezulu, uNal'ibali usiza ukondla abafundi besizwe.

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte ngokushayela** isikhungo sethu sezingcingo kule nombolo: **02 11 80 40 80**, noma enye yalezi zindlela:

www.nalibali.org   www.nalibali.mobi   nalibaliSA   @nalibaliSA

Kuqala ngendaba exoxwayo...